UDwiki wayeyisikhukhukazi esihle. Wayehlala epulazini nodadewabo ababeyizikhukhukazi abathathu.

Izikhukhukazi zazizalela amaqanda amasha zonke izinsuku.





UDwiki wayezalela amaqanda amakhulu namnandi. Wayeziqhenya ngamaqanda akhe.

Kodwa amaqanda kaDwiki ayenyamalala.

UDwiki wayekhathazekile ngokunyamalala kwamaqanda akhe. Wayefuna ukwazi ukuthi ayedliwa yini.





UDwiki wahlala yedwa ephatheke kabi. Wayedidekile ukuthi kwakwenzekani ngempela ngamaqanda akhe. Wacabanga isu lokucasha aqaphe.

“Ngizokubamba sela ndini!” edweba isu.

UDwiki wabikela odadewabo ngesu lakhe. Nabo bavuma ukumsiza.

“Ntambama sizocasha sibone ukuthi kuzokwenzakalani nokuthi ngubani isela,” kusho uDwiki.





Kwathi esewazalele amaqanda, uDwiki wandizela phezulu esihlahleni esiseduze, walinda.

Odadewabo abathathu nabo bacasha … oyedwa esikhotheni, oyedwa ezimbalini, oyedwa ngemuva kwedwala.

Izikhukhukazi zathula du zahlala zilindile, zibekezele.

Esihlahleni, uDwiki waqapha, walinda, walinda, waqapha.

Kwathi esalindile, uDwiki wabona uSibi, inja yasepulazini. USibi wayemusha epulazini.





USibi wasifuna waze wasithola isidleke sikaDwiki.

Ekugcineni wawathola amaqanda kaDwiki. Wasunduza iqanda elilodwa ngesidladla sakhe. Wavula umlomo wathatha iqanda elilodwa.

Ngokushesha, uDwiki wehla esihlahleni.

“Amaqanda AMI lawo!” esho ngokufutheka. “Ungalingi uwathathe amaqanda ami, wena Sibi!”

Odadewabo kaDwiki bahlasela uSibi. Babethukuthele befile, bekhala, bendiza, bebhakuza bezungeza uSibi.

USibi wadweba wabaleka!



Emva kwalolo suku, uDwiki wazizalelela amaqanda ngokuthula.

NoSibi akaphindanga walinga athathe amaqanda anoma yiziphi izikhukukhazi epulazini.

